
Having considered the application, the court makes the following orders:

(1) _____

(2) _____

(3) _____

(4) _____

(5) _____

The Respondent is called upon to provide reasons on affidavit on or before……..…….
……..... (date) why this order should not be made final.

_____

SIGNED: PRESIDING OFFICER OF THE CHILDREN'S COURT

DATE STAMP:

C — Judicial Case Management Notice (under rule 14)

IN THE CHILDREN'S COURT FOR THE DISTRICT OF……..……...

Held at: …… Case No: …… of 20 ...……...……

In the matter between:

..... Applicant

and

……. Respondent

_____

NOTICE OF JUDICIAL CASE MANAGEMENT HEARING IN TERMS OF RULE 14 OF THE CHILDREN'S COURTS RULES

_____

TO: (state parties as well as any additional persons to attend)

Applicant / Legal Representative: _____

Respondent / Legal Representative: _____

Other persons: _____

You are hereby directed to attend a judicial case management hearing to be held *in person / through audio-visual link before the Presiding Officer in the Children's Court at…… on the ……..…. day of ……..…… 20 ……., at …… (time) to:

Delete what is not applicable

(1) consider information and make such order as the court deems necessary for the progress of the application;

(2) determine who has to be present at the hearing;

(3) deal with interim applications and orders;

(4) consider whether to give such orders, instructions or directions to the clerk, social worker, designated social worker or other suitably qualified persons as the court deems necessary;

(5) were, necessary, issue timelines for the taking of further steps in order that it be finalised speedily;

(6) consider and give further direction in respect of—

(a) legal representation of the applicant, respondent and child;

(b) the appointment of a curator *ad litem* for any party in accordance with the provision of section 33 of the Magistrates' Court Act, 1944;

(c) *the need for—

(i) an interpreter to be appointed;

(ii) an intermediary to be appointed;

(iii) a comfort person to be with the child during the proceedings;

(iv) reasonable accommodation;

(v) audio-visual testimony;

(vi) investigation and report by social worker, designated social worker as well as other suitably qualified persons;

(vii) submission of reports, affidavits and supporting documents;

(viii) attendance of any other person at the hearing;

(ix) exchange of reports and documents;

(x) where there are multiple professional reports, may direct a joint meeting of experts and furnishing of a joint report on such issues as required; and

(xi) whether to order a pre-hearing conference, cause a family group conference or refer the matter to a lay forum as provided for in sections 69, 70 and 71 of the Act; or

(xii) whether there is a question of law or fact which may conveniently be decided either before any evidence is led or separately from any other aspect; or

(xiii) any other aspect relating to the conduct of the matter namely:

……..……..

Delete what is not applicable

DATED at …….. on the ……. day of ……..…… 20 …….

SIGNED: PRESIDING OFFICER OF THE CHILDREN'S COURT

DATE STAMP:

TO:

Applicant / Legal Representative: _____

Telephone / cell phone number: _____

E-Mail address: _____

Respondent / Legal Representative: _____

Telephone / cell phone number: _____

E-Mail address: _____

Other Persons:

(1) _____

Telephone / cell phone number: _____

E-Mail address: _____

(2) _____

Telephone / cell phone number: _____

E-Mail address: _____

(Attach delivery or read receipt to copy of notice and file on file)

D — Freeing Order (under rule 18)

IN THE CHILDREN'S COURT FOR THE DISTRICT OF…….....

Held at: …… Case No: …… of 20 ...……...

In the *ex parte* application of:

……..…….. Applicant

(For freeing of ……..……...…… (name) from parental responsibilities and rights of the child ……. ……. in terms of section 235 of the Children's Act, 2005)

ORDERS GRANTED

Whereas ……..…….. *the Department of Social Development / a Provincial Department of Social Development a child protection organisation accredited in terms of section 251 of the Children's Act, 2005 (Act No 38 of 2005) / adoption social worker has applied to provide adoption services pending the adoption of…… ……..……. (name of child)

And whereas…… (name of parents / parent / guardian / guardians) whose consent to the adoption is / are required, have / has consented to the adoption, the following orders are made:

(1) ……..…… (name of CPO / other person) is authorised to exercise parental rights and responsibilities in terms of section 18 of the Children's Act, 2005 over ……. ……. (name of child), pending the adoption of the said child.

(2) ……..……..…. (name of parent / guardian) is freed from parental rights and responsibilities, in terms of section 235 of the Children's Act, 2005.

(3) ……... (name of parent / guardian) *is / are relieved / not relieved from the duty to *maintain / contribute to the maintenance of……. ……. pending the adoption of ……..……..….

Delete what is not applicable

_____

SIGNED: PRESIDING OFFICER OF THE CHILDREN'S COURT

DATE: _____

E — Notice of proposed adoption (under rule 19)

NOTICE OF PROPOSED ADOPTION: SECTION 238 OF THE CHILDREN'S ACT, ACT 38 OF 2005

IN THE CHILDREN'S COURT FOR THE DISTRICT OF……
Held at: …….. Case No: ……..…….

In the adoption application before this Court in respect of the following children:
_____
_____

TO: _____
_____
_____
_____

Kindly take notice that:

(1) The abovementioned child has become available for adoption.

(2) An application for the adoption of the abovementioned child has been lodged at this court.

(3) You are requested either to consent to or to indicate your intention to withhold your consent to the proposed adoption of your child.

(4) Note further that if the biological father of the child was not married to the mother, he may consent to, or indicate his intention to withhold consent, or apply in terms of section 239 for the adoption of the child.

(5) Kindly inform the Presiding Officer at the above court in writing within 30 days after service of this notice upon you whether**—**

(a) you consent to the adoption of the child; or

(b) indicate your intention to withhold your consent to the proposed adoption of the child; or

(c) file an application for adoption of the child in terms of section 239 of the Act.

IMPORTANT NOTICE:

If you fail to comply with the abovementioned request within a period of 30 days after the service upon you of this notice, you will be regarded as having consented to the adoption of the abovementioned child.

DATED at …… this …….. day of …….. 20 …….

_____
SIGNED: PRESIDING OFFICER OF THE CHILDREN'S COURT

Address: _____

_____

_____

Telephone number: _____

Email address: _____

F — Adoption Order (under rule 21)

IN THE CHILDREN'S COURT FOR THE DISTRICT OF…….....

Held at: …… Case No: …… of 20 ...……...

Registrar's No: …….....

IN THE APPLICATION FOR THE ADOPTION OF:

(*Full Names of Child*)

……

(*ID of Child)*

……

On the ……..…… day of ……. 20 …….

Before:

……...

(Presiding Officer of the Children's Court)

IT IS ORDERED THAT:

(1) ……. (Full names of Child) a……. child, (state gender) born on the ……..…. day of the month of …… in the year ……..…. be and is hereby adopted by ……. ……..……..... (Full Names) born on ……..……..…… Identity Number ……..……

AND ……..……... ……...……..……. (Full Names) born on ……...……...…… Identity Number ……..……..….

(2) In terms of the provisions of section 242(2)*(a)* of Act 38 of 2005, this adoption order confers full parental responsibilities and the rights in respect of the adopted child upon the adoptive parents.

(3) In terms of the provisions of section 242(2)*(b)* of Act 38 of 2005, this adoption order:

******(a)* confers the surname of the adoptive parents, namely……..……
……..……..……..…
on the adoptive child; or

******(b)* the child shall retain his/her surname notwithstanding this adoption being granted.

(4) *****In terms of section 234(4) of Act 38 of 2005, the Post Adoption Agreement is hereby confirmed and made an order of Court.

(5) *****The following provisions are accordingly applicable:

(a) Sections 234(6)*(b)*(i) and (ii) of Act 38 of 2005 which stipulate that this Post Adoption Agreement may be amended or terminated only by an order of court on application by a party to the agreement or the adopted child.

(b) General Regulations 103(2) of Act 38 of 2005 which obligates a party to the agreement to inform the other parties of any change of any of the particulars contained in the Post Adoption Agreement on Form 33 within seven days of such change.

****Delete what is not applicable***

_____

PRESIDING OFFICER OF THE CHILDREN'S COURT_____

IN THE DISTRICT OF_____

DATE: _____TIME: _____

(1) Date of registration of adoption: .....

(2) Adoption register number: .....

(3) Amendment of the Births Register in terms of section 245 of the Children's Act, 2005 (Act No. 38 of 2005), may proceed.

.....
Adoption Registrar

Date: .....

G — Adoption order not terminating parental responsibilities and rights of parent
(under rule 21)

IN THE CHILDREN'S COURT FOR THE DISTRICT OF…….....

Held at: ……..…… Case No: …….…… of 20 ...……...

Registrar's No: ……..…….....

IN THE APPLICATION FOR THE ADOPTION OF:

(*Full Names of Child*)

……

(*ID of Child)*

……

On the ……..……. day of ……..……. 20 ……..……

Before:

…….....

(Presiding Officer of the Children's Court)

IT IS ORDERED THAT:

(1) ……..…….…… (Full names of Child)
a……. child, (state gender) born on the……. day of the month of ……..…
in the year……...……be and is hereby adopted by…….……
……..……...…… (Full Names)
born on …….……
Identity Number ……..…

AND ……..……...……....
…….....…. (Full Names)
born on …….…….……
Identity Number ……..……...

(2) In terms of the provisions of section 242(2)*(b)* of Act 38 of 2005, this adoption order:

**(a)* confers the surname of the adoptive parents, namely…….……..
……
on the adoptive child; or

**(b)* the child shall retain his/her surname notwithstanding this adoption being granted.

(3) *In terms of section 242(1) *read with* section 242(2)*(e)* of Act 38 of 2005, the parent,……
……..
with ID No ……
retains full parental responsibilities and rights as envisaged in sections 18 and 19 of Act 38 of 2005, notwithstanding him / her having given consent for the adoption of his / her child by applicant as the applicant is the spouse or permanent domestic life-partner of the said parent.

(4) *In terms of section 234(4) of Act 38 of 2005, the Post Adoption Agreement is hereby confirmed and made an order of Court.

(5) *The following provisions are accordingly applicable:

(a) Sections 234(6)*(b)*(i) and (ii) of Act 38 of 2005 which stipulate that this Post Adoption Agreement may be amended or terminated only by an order of court on application by a party to the agreement or the adopted child.

(b) General Regulations 103(2) of Act 38 of 2005 which obligates a party to the agreement to inform the other parties of any change of any of the particulars contained in the Post Adoption Agreement on Form 33 within seven days of such change.

Delete what is not applicable

_____

PRESIDING OFFICER OF THE CHILDREN'S COURT_____
IN THE DISTRICT OF_____
DATE: _____**TIME:** _____

(1) Date of registration of adoption: .....…..
(2) Adoption register number: .....…..
(3) Amendment of the Births Register in terms of section 245 of the Children's Act, 2005 (Act No. 38 of 2005), may proceed.

.....
Adoption Registrar

Date: .....

H — Application to give evidence through audio-visual facility (under rule 13)

IN THE CHILDREN'S COURT FOR THE DISTRICT OF……...

Held at: ……...…… Case No: …… of 20 ...……

In the matter between:

..... Applicant

and

……. Respondent

TAKE NOTICE that an application will be made to the above-mentioned Court on a date to be allocated for an order in the following terms:

(1) The applicant / witness to the applicant's case ……..…… (state the name of the witness) is permitted to adduce evidence by way of audio-visual facility / link on a date and time to be arranged by the parties and presiding officer in the following manner:

(2) The applicant / witness to the applicant's case ……
(state the name of the witness) will give evidence at ……...
(state the address of the premises from where evidence will be given).

(3) The respondent may have a legal representative present when the applicant / witness to the applicant's case ……..……..……..……...
(state the name of the witness) gives evidence at……
……..……..……
(state the address of the premises from where evidence will be given).

(4) The applicant's / witnesses' evidence will be transmitted through audio-visual facility / link to ……....……..……..……
(state the address of the premises to where the evidence will be transmitted by audio-visual facility / link) or any other place as the court may order.

The attached affidavit will be used in support of the application.

DATED at ……..... this …….. day of ……..... 20 .....……

.....

Applicant / Applicant's legal representative

(Physical address)

.....

(Telephone / cell phone number)

……

(E-mail address)

……..……..

TO: **(1)** The Clerk of the above-named Court

……..…….

(2) ……...

Respondent / Respondent's legal representative

(Physical address)

……..……..……

(Telephone / cell phone number)

……..……

(E-mail address)

……..……

ISAZISO SIKAHULUMENI

UMNYANGO WEZOBULUNGISWA NOKUTHUTHUKISWA KOMTHETHOSISEKELO

NOMBOLO. R..... ……... 2026

IBHODI LEMITHETHO WEZINKANTOLO ZOMTHETHO, 1985
(UMTHETHO 107 WE-1985)

IMITHETHO YEZINKANTOLO ZEZINGANE YASENINGIZIMU AFRIKA

Ibhodi Lemithetho Yezinkantolo Zomthetho, ngaphansi kwesigaba sesi-6 soMthetho Webhodi Lemithetho Yezinkantolo Zomthetho, 1985 (uMthetho 107 we-1985), ofundwe nesigaba 52 soMthetho Wezingane, 2005 (uMthetho 38 wezi-2005), ngemvume kaNgqongqoshe Wezobulungiswa Nokuthuthukiswa koMthethosisekelo, yenze imithetho esohlelweni.

UHLELO

OKUQUKETHWE

ISAHLUKO 1

IZINCAZELO, INHLOSO, UKUSEBENZA KANYE NOKUCHAZWA KWEMITHETHO

1. Izincazelo
2. Ukusetshenziswa, inhloso kanye nokuchazwa kwemithetho

ISAHLUKO 2
OKUJWAYELEKILE

3. Ukubamba iqhaza kwengane
4. Indawo yokuhlala ehlelekile
5. Amasu okubuza imibuzo ezinganeni
6. Amasu engeziwe okubuza imibuzo ezinganeni ezincane kakhulu ngokwesigaba 52(2)*(a)*(iv) soMthetho.

ISAHLUKO 3
UMABHALANE

7. Imisebenzi eyengeziwe, amandla kanye nemisebenzi kamabhalane

ISAHLUKO 4
IZINQUBO ZENKANTOLO

8. Amafomu okuqulwa kwamacala
9. Izicelo zokuphoqelela amalungelo
10. Izicelo zohlangothi olulodwa neziphuthumayo
11. Ukuhanjiswa kwezicelo, izincwadi ezifungelwe, izaziso, imibhalo kanye nemiyalelo yenkantolo
12. Umsebenzi oshintshiwe kwasuswa omunye
13. Ubufakazi obulalelwayo nobubukwayo
14. Ukuphathwa kwamacala ezinkantolo
15. Ukulalelwa kodaba

ISAHLUKO 5

INGANE EDINGA UKUNAKEKELWA NOKUVIKELWA

16. Ukubuyekezwa kokususwa kwengane iyiswa endaweni yesikhashana ephephile
17. Umyalelo wokunwetshwa kwesikhathi sokugcinwa kwengane kwenye indawo

ISAHLUKO 6

ISICELO SOKUTHOLA INGANE

18. Umyalelo wokukhulula
19. Isaziso sokuthola ingane okuhlongozwayo
20. Imvume yokutholisa ngengane
21. Ukucubungula isicelo sokuthola ingane

ISAHLUKO 7

IZINDABA EZIJWAYELEKILE

22. Ukuqokwa komlamuli
23. Izindleko zokuqhutshwa kwecala
24. Ukwedlulisa izikhalazo
25. Isihloko esifushane kanye nokuqala komthetho

ISAHLUKO 1

IZINCAZELO, INHLOSO, UKUSETSHENZISWA KANYE NOKUCHAZWA KWEMITHETHO

Izincazelo

1. (1) Kule mithetho kanye nakumafomu axhunywe lapha noma yiliphi igama noma inkulumo enikezwe incazelo eMthethweni izoba nencazelo enikwe yona, ngaphandle uma umongo ubonisa ngenye indlela—

"incwadi efungelwe" ichaza isitatimende esibhaliwe esenziwe—

(a) ngaphansi kwesifungo noma isiqinisekiso; noma
(b) ngesimemezelo esinesizotha noma esifakazelwe;

okuhlongozwe esigabeni 7 soMthetho weJustice of the Peace and Commissioners of Oaths Act, 1963 (uMthetho 16 we-1963), oqinisekisa ukuthi ulwazi olungaphakathi esitatimendeni luwukumelwa okuyiqiniso nokunembile kwamaqiniso;

"umfakisicelo" kushiwo umuntu ofake isicelo enkantolo ukuze athole usizo noma usizo njengoba kuhlinzekelwe eMthethweni;

"indawo yokulalelwayo nokubukwayo" kushiwo indawo eyenza ukuxhumana okulalelwayo nokubonwayo phakathi kukafakazi nabantu abasenkantolo ngesikhathi sangempela njengoba kwenzeka;

"umuntu oduduzayo" kusho umuntu—

(a) othenjwa ngumntwana;
(b) onobudlelwane obusondelene nengane;
(c) ongeyona ingxenye yokuqulwa kwecala; futhi
(d) ozonikeza ingane isiqinisekiso nenduduzo ngesikhathi kuqhubeka icala;

"ingane" kushiwo umuntu oneminyaka engaphansi kweyi-18 futhi kubandakanya—

(a) ingane encane kakhulu eneminyaka emithathu noma ngaphansi, njengoba kushiwo esigabeni 157(3) soMthetho,
(b) ingane efudukayo engaphelezelwa muntu noma ehlukanisiwe,
(c) ingane ecela ukukhoseliswa noma umbaleki njengoba kuhlongozwe kuMthetho Wababaleki, we-1998 (uMthetho 130 we-1998), kanye
(d) nezingane ezingenazo izincwadi;

"inkantolo" ichaza inkantolo yezingane esungulwe ngokwesigaba 42(1) soMthetho futhi 'inkantolo' kanye 'nenkantolo yezingane' kusho inteyodwa ngaphandle uma ingqikithi isho okuhlukile;

“umabhalane” kushiwo umabhalane wenkantolo yezingane oqokwe noma oqokwe ngokwesigaba 67(2) soMthetho;

"isicelo sohlangothi olulodwa" sichaza isicelo esilethwa lapho kucelelwa khona ukukhululeka ngokushesha ngaphandle kokunikeza isaziso sezinqubo zenkantolo kumuntu okufunwa kuye umyalelo;

"imithethonqubo ejwayelekile" ichaza iMithethonqubo Ejwayelekile mayelana Nezingane eshicilelwe ngaphansi kweSaziso Sikahulumeni R: 261 *kuGazethi* Kahulumeni Ino. 33076 yomhla lu-1 kuMbasa wezi-2010 esenziwe nguNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi ngokoMthetho Wezingane, wezi-2005, njengoba uchitshiyelwe;

"imithethonqubo yobulungiswa" ichaza iMithethonqubo ephathelene neziNkantolo zeZingane kanye Nokuthunjwa Kwezingane Kwamazwe Ngamazwe eshicilelwe ngaphansi kweSaziso Sikahulumeni R: 250 kwiGazethi Kahulumeni Ino. 33067 yamhla zingama-31 kuNdasa wezi-2010 eyenziwe nguNgqongqoshe Wezobulungiswa Nokuthuthukiswa Komthethosisekelo ngokoMthetho Wezingane, wezi-2005, njengoba uchitshiyelwe;

“ummeli” kushiwo ummeli, noma ummeli onelungelo lokuvela enkantolo;

“isiphathimandla esiphethe” sichaza isiphathimandla esiphethe inkantolo yezingane njengoba kuhlinzekelwe esigabeni 42 soMthetho;

“indawo yokuhlala efanele” kushiwo izinguquko ezidingekayo nezifanele kanye nokulungiswa okungabeki umthwalo omkhulu noma ongadingeki, lapho kudingekile esimweni esithile, ukuze kuqinisekiswe ukuthi abantu abakhubazekile bayajabula noma bazivocavoca ngendlela elinganayo nabanye kuwo wonke amalungelo abantu kanye nenkululeko eyisisekelo;

"ummangalelwa" kusho noma yimuphi umuntu okufunwa usizo kuye, noma ongathinteka ngosizo noma usizo olufunwa ngumfakisicelo, futhi kuhlanganisa umuntu othintekayo nommangalelwa njengoba kushiwo eMthethweni; futhi

"uMthetho" kusho uMthetho Wezingane, wezi-2005 (uMthetho 38 wezi-2005).

(2) UMgqibelo, iSonto noma iholide akufanele, ngaphandle uma kuvela inhloso ephambene, kuthathwe njengengxenye yanoma yisiphi isikhathi esibalwe ngokwale mithetho.

Ukusetshenziswa, inhloso kanye nokuchazwa kwemithetho

2. (1) Le mithetho iyasebenza ekuqulweni kwamacala enkantolo futhi ihloselwe ukusungula ukufana kwizinqubo nezinkambiso zezinkantolo.

(2) Izinhloso zale mithetho yilezi—

(*a*) ukukhuthaza ukufinyelela enkantolo;

(*b*) ukusebenzisa ngempumelelo izinhloso eziqukethwe esigabeni 2, kanye nezimiso eziqukethwe esigabeni 6, soMthetho;

(c) ukuqinisekisa ukuthi zonke izindaba ezisenkantolo zisingathwa ngokushesha futhi zibekwe phambili njengoba kuhlongozwe esigabeni 6(4)*(b)* soMthetho; futhi

(d) ukuthuthukisa izinga lezidingo ezibalulekile zengane okuhlongozwe esigabeni 7 soMthetho.

(3) Inkantolo, ummeli womndeni, umsebenzi wezomthetho, usonhlalakahle noma omunye umuntu oqeqeshwe ngokufanele, ngokubheka iminyaka yengane, ukukhula kanye nesigaba sokuthuthuka kwempilo, njengoba kuhlongozwe esigabeni 10 soMthetho, kufanele—

(*a*) acabangele imibono evezwe ingane; futhi

(*b*) aqinisekise ilungelo lengane lokubamba iqhaza ngendlela efanele.

(4) Le mithetho kumele ihunyushwe futhi isetshenziswe ukuze kufezeke lezi zinhloso ezilandelayo:

(*a*) izidingo ezibaluleke kakhulu yilezo ezizuzisa kakhulu ingane;

(*b*) ukunqunywa okunobulungiswa kwazo zonke izinkantolo ngokuqinisekisa ukuthi izinhlangothi zilalelwa ngendlela efanele kanye nokwamukelwa nokusetshenziswa kwamalungelo azo omthethosisekelo namanye ngaphansi koMthetho nanoma yimuphi omunye umthetho;

(*c*) ukuba lula kanye nokufana kwenqubo, ubulungiswa ekuphathweni, kanye nokususwa kwezindleko ezingafanele kanye nokubambezeleka okungenasidingo;

(*d*) ukunakekelwa, ukuvikelwa kanye nokuthuthukiswa ngokomzimba nengqondo kanye nenhlalakahle yengane; futhi

(*e*) ukuphothulwa ngokushesha kwazo zonke izindaba.

ISAHLUKO 2
OKUJWAYELEKILE

Ukubamba iqhaza kwengane

3. (1) Inkantolo kufanele inqume ukuthi ingane izokwazi yini ukubamba iqhaza ekuqulweni kwecala futhi ikhetha ukwenza lokho njengoba kuhlinzekwe eMthethweni, futhi ibhale izizathu zalokho kunquma.

(2) Inkantolo kufanele, lapho kutholakala ukuthi ingane ingakwazi futhi ikhetha ukubamba iqhaza—

(*a*) yazise ingane ngamalungelo engane nethuba lokubamba iqhaza ngendlela efanele iminyaka yayo;

(*b*) ichaze uhlelo nenqubo yenkantolo ngolimi olulula ukuze ingane iqonde futhi ibambe iqhaza ohlelweni, okuhlanganisa nokucela ikhefu lapho kudingeka;

(*c*) iqinisekise indawo ejwayelekile, nelungele izingane njengoba kuhlinzekelwe esigabeni 60(3) soMthetho;

(*d*) ikhuthaze ukubamba iqhaza kwengane ekuqulweni kwecala, okuhlanganisa kodwa kungagcini nje ngokuqokwa komlamuli, utolika, ummeleli wezomthetho, ukuvumela umuntu oduduzayo futhi iqhube ukuqulwa kwecala isebenzisa indawo yokulalelwayo nokubukwayo;

(*e*) iqinisekise ukuthi ingane ekhubazekile inethuba lokubamba iqhaza ngokugcwele, futhi kuhlinzekwa ngendawo yokuhlala efanele lapho kunesidingo; futhi

(*f)* inikeza isikhathi esanele sokulalelwa kwecala, kucatshangelwa izidingo nenduduzo yengane, kuhlanganise nesikhathi sokudla, sokuphumula nokupholisa ikhanda.

(3) Uma ingane ingekho, kungaba mathupha noma ngezinsiza zokulalelwayo nokubukwayo, inkantolo kumele ibuze ukuthi kungani ingane ingekho bese ihlehlisa uphenyo ukuze kuqinisekiswe ukuthi ingane inikezwa ithuba lokubamba iqhaza, ngaphandle uma kunezimo ezibangela ukuthi udaba luqhubeke lapho ingane ingekho, okumele-ke ukuthi luqoshwe.

(4) Lapho udaba luhlehliswa, inkantolo ingenza noma yimuphi umyalo njengoba ibona kudingekile ukuze inikeze ingane ithuba lokubamba iqhaza ekuqulweni kwamacala.

Indawo yokuhlala ehlelekile

4. (1) (*a*) Inkantolo kufanele ikwazi ukufinyeleleka enganeni kanye nanoma yimuphi umuntu onokukhubazeka obandakanyekayo ekuqulweni kwamacala ukuze ikwazi ukubamba iqhaza ngokugcwele ekuqulweni kwamacala.

(*b*) Inkantolo kufanele icubungule izinyathelo ezihlanganisa ukuqokwa komlamuli, utolika, ukuqhuba ukuqulwa kwecala kusetshenziswa indawo yokulalelwayo nokubukwayo kanye nanoma yisiphi esinye isinyathelo isiphathimandla esiphethe esibona sifanele ukubamba iqhaza okubonakalayo ekuqulweni kwecala.

(2) Inkantolo kufanele iqinisekise ukuthi ingane nanoma yimuphi umuntu onokukhubazeka othintekayo ekuqulweni kwamacala uhlinzekwa ngosizo oludingekayo ukuze abambe iqhaza ngokugcwele ekuqulweni kwamacala.

(3) Indawo yokuhlala efanele edingekayo enganeni nanoma yimuphi umuntu onokukhubazeka othintekayo ekuqulweni kwecala kumele ihlanganise kodwa ingagcini ngalokhu kuphela—

(*a*) izindawo zokulinda nezindawo zangasese ezifanele;

(*b*) izihlalo ezanele nezinethezekile;

(*c*) indawo yokuvumela ingane nanoma yimuphi umuntu ukuthi afakaze lapho ehlezi khona; futhi

(*d*) ivumele umzali, umbheki, nanoma yimuphi umuntu okhona ukuthi ahlinzeke nganoma iyiphi enye indlela yokuhlala ukuze aqinisekise ukuthi ingane noma omunye umuntu ukhululekile.

(4) (*a*) Inkantolo kufanele ngokucelwa yinoma yiluphi uhlangothi noma ngokuthanda kwayo, nganoma yisiphi isikhathi, ibuze ukuthi iyadingeka yini indawo yokuhlala efanele.

(*b* Lapho izinsiza zingenele, noma yiliphi iqembu lingacela ukuthi kwenziwe ezinye izinhlelo ukuze kuhlangatshezwane nezidingo ezithile zengane noma zalowo muntu.

(5) Inkantolo ingasebenzisa imihlinzeko yesigaba 51(4) soMthetho weziNkantolo zeZimantshi, we-1944 (uMthetho 32 we-1944), ophathelene nengqalasizinda kanye nezidingo zokusebenza.

Amasu okubuza imibuzo ezinganeni

5. (1) Yonke imibuzo ezinganeni ngesikhathi kuqhubeka icala kufanele—

(*a*) ibe ngolimi olulula noluhambisana neminyaka, kucatshangelwa iminyaka yengane, ukukhula kanye nesigaba sokuthuthuka sempilo yengane;

(*b*) ingabi nzima futhi ibe lula ukuyiqonda;

(*c*) ingaqukathi imibuzo engaphezu kowodwa ngesikhathi;

(*d*) ingabekwa ngendlela ephikisanayo;

(e) ingaqukathi amagama omthetho; futhi

(f) ingasabisi noma ibe nendluzula.

(2) Inkantolo kufanele ingavumeli imibuzo edukisayo, engabalulekile, engacacile, ecasulayo, ehlukumezayo, engafanele, esabisayo, ehlambalazayo, enolaka futhi ephindaphindwayo noma esesimweni esingeke saqondwa yingane, kuhlanganisa nanoma yimuphi omunye umbuzo ngokombono wenkantolo ongafanelekile noma ongalungile.

(3) Inkantolo kumele, lapho ingane ingafakazi khona ngomxhumanisi, iyalelwe ukuthi—

(*a*) imibuzo kumele ifakwe enkantolo, futhi

(*b*) inkantolo ingabeka kabusha imibuzo ukuze idlulisele inhloso evamile yombuzo enganeni, lapho kunesidingo.

(4) Lapho kungekho khona indawo ehlukile yenkulumo elalelwayo nebukwayo ukuze ingane ingaboni noma yimuphi umuntu othintekayo ekuqulweni kwamacala, inkantolo—

(*a*) ingavumela ingane ukuthi ibambe iqhaza ngemuva kwesikrini; noma

(*b*) nganoma iyiphi enye indlela njengoba iyalwa yinkantolo.

(5) Lapho ingane ingakwazi ukubamba iqhaza futhi iphendule, inkantolo ingavumela ingane ukuthi yenze lokho nganoma iyiphi indlela efanele, okuhlanganisa—

(*a*) ukushukuma komzimba;

(*b*) ukudweba noma umdwebo wesithombe;

(*c*) ukubhala;

(*d*) izinto zikagesi nganoma iyiphi indlela;

(*e*) amakhadi ezithombe noma izimpawu;

(*f*) amathoyizi;

(*g*) imiboniso; kanye

(*h*) nanoma iyiphi enye indlela inkantolo eyibona ifanele.

(6) Uchwepheshe oqeqeshwe ngokufanele angase avunyelwe yinkantolo ukuba ahumushe futhi achaze incazelo yezimpendulo emithethweni emncane (4) no (5).

(7) Ingane kufanele inikezwe isikhathi sokucabangisisa umbuzo ngaphambi kokuphendula.

(8) Ingane kufanele ibuzwe imibuzo isikhathi esifushane kakhulu futhi lapho kunesidingo khona inkantolo kufanele ihlehlise ukuze ingane iphumule.

(9) Inkantolo ingabeka kabusha noma yimuphi umbuzo enganeni—

(*a*) lapho ingane ihlangabezana nobunzima bokufakaza ngenxa yokwesaba, ukwethuka, ukuphoxeka, ukudideka noma ukungabaza ukufakaza, noma

(*b*) lapho umbuzo ungaqondakali noma ungeke uqondwe yingane.

(10) Imihlinzeko yalo mthetho iyasebenza, ngezinguquko ezidingekayo, ezinganeni ngokuvamile, izingane ezinobunzima bokuhlakanipha noma obungokwengqondo, ukuzwa noma okunye ukukhubazeka ngokomzimba okwenza kube nzima ukuxhumana, ezinganeni ezihlukumezekile kanye nezingane ezincane kakhulu.

Amasu engeziwe okubuza imibuzo ezinganeni ezincane kakhulu ngokwesigaba 52(2)*(a)*(iv) soMthetho

6. (1) Inkantolo—

(*a*) ingasebenzisa noma iyiphi indlela yokuxhumana ukuze kube lula ukubamba iqhaza kwengane encane kakhulu; futhi

(*b*) ingacela uchwepheshe oqeqeshwe ngokufanele ukuthi asize inkantolo ngokubona kanye nesiphetho salokho kuxhumana ngaphambi kokuba inkantolo ihlaziye futhi icubungule ukuxhumana ngokwezimpawu.

(2) Lapho ingane encane kakhulu ingakwazi ukuphendula ngomlomo, inkantolo ingavumela ingane ukuba yenze kanjalo nganoma iyiphi enye indlela, okuhlanganisa—

(*a*) ukudlala;

(*b*) ulimi lomzimba;

(*c*) isimo sobuso;

(*d*) ukudweba noma ukupenda;

(*e*) ukushukuma komzimba;

(*f*) imiboniso; noma

(*g*) isithombe noma amakhadi ezimpawu.

ISAHLUKO 3
UMABHALANE

Imisebenzi eyengeziwe, amandla kanye nemisebenzi kamabhalane

7. (1) Ukwengeza emisebenzini ehlinzekwe kwimithethonqubo yezobulungiswa, umabhalane kufanele azise iqembu ukuthi—

(*a*) uma lingamelwe ummeli, lelo qembu linelungelo lokumelwa ngokusemthethweni;

(*b*) uma lingakwazi ukukhokhela ukumelwa ngokomthetho, lelo qembu lingathintana noSizo lwezoMthetho eNingizimu Afrika, iziko losizo lwezomthetho, noma uMkhandlu wezeMisebenzi yabaMmeli ukuze limelwe ngaphandle kokukhokha imali*;*

(*c*) lelo qembu lingafaka isicelo sendawo yokuhlala efanele uma kudingeka njengoba kuhlinzekwe kumthetho 4;

(*d*) lolo hlangothi lungase lucele ukuthi kuhlelwe umhumushi njengoba kuhlinzekwe esigatshaneni somthetho (7) walo mthetho; futhi

(*e*) lelo qembu lingafaka isicelo sokuvela lisebenzisa indawo yokulalelwayo nokubukwayo.

(2) Umabhalane kufanele amukele futhi athumele zonke izicelo kumphathi owengamele futhi angeke anqabe ukwamukela isicelo nganoma yisiphi isizathu.

(3) Amahhovisi kamabhalane avulwa ngo 07h45 kuya ku-16h15 zonke izinsuku zeviki ngaphandle kwangoMgqibelo, iSonto noma iholidi.

(4) Umabhalane owethamela ukuqulwa kwamacala njengoba kuhlongozwe esigabeni 73 soMthetho angeke abambe iqhaza ekuqulweni kwaleli cala, ngaphandle kokuthi anikeze ukwesekwa kwezokuphatha enkantolo.

(5) Lapho noma yiliphi iqembu elizovela lisebenzisa indawo yokulalelwayo nokubukwayo, umabhalane kufanele ahlele ukuthi kwenziwe isixhumanisi futhi sidluliselwe ohlangothini olufanele okungenani izinsuku ezintathu ngaphambi kosuku lokulalelwa kwecala, ngaphandle uma kuvunyelwane isikhathi esifushane nalolo hlangothi.

(6) Umabhalane kufanele, ngokuyalelwa yinkantolo, abize umxhumanisi ofanelekile ukuba eze ekulalelweni kwecala .

(7) Umabhalane kufanele, ngokuyalelwa yinkantolo, ahlele ukuba utolika, okuhlanganisa nolimi lwezimpawu noma umhumushi wolimi lwezandla oluthintayo, uma kudingeka, ukuba eze ekulalelweni.

ISAHLUKO 4
IZINQUBO ZENKUNDLA

Amafomu okuqulwa kwamacala

8. (1) Ngaphandle kwalapho kuhlinzekwe ngenye indlela kule mithetho, ukuqulwa kwamacala kufanele kwethulwe ngesaziso, okuhambisana kakhulu neFomu lesi-2 lemithethonqubo yezobulungiswa: Kuncike ekutheni iFomu lesi-2 ngeke lidingeke kunoma yiziphi izinyathelo ezilandelayo odabeni olufanayo.

(2) Isicelo, kuhlanganisa nezicelo ezilandelayo odabeni olufanayo, singalethwa kakhulu ngokuhambisana neFomu A leSithasiselo, uma uhlobo lwesicelo lungavuni ukusetshenziswa kweFomu lesi-2 lemithethonqubo yezobulungiswa.

(3) Zonke izicelo ezisebenzisa iFomu A lesiThasiselo kufanele lihambisane nencwadi efungelwe echaza uhlobo lwesicelo, izizathu ekusekelwe kuzo isicelo kanye nosizo olufunwayo, futhi lapho lutholakala khona, namathisela yonke imibhalo nemibiko ehambisana nesicelo.

(4) Sonke isicelo kumele sibe—

(*a*) namagama aphelele, ikheli lendawo yokuhlala, ikheli lasemsebenzini, inombolo yeselula noma yocingo yomfakisicelo, okuhlanganisa nekheli le-imeyili, uma likhona;

(*b*) ikheli elikhethiwe, okuhlanganisa nekheli le-imeyili , lapho eminye imibhalo yesicelo ingase ihanjiswe khona kumfakisicelo;

(*c*) amagama, ubulili, usuku lokuzalwa, ikheli lendawo yokuhlala kanye negama lesikole noma isikole sojahidada sengane okuhloswe ngayo isicelo, uma kukhona;

(*d*) amagama aphelele, ikheli lendawo yokuhlala, ikheli lasemsebenzini, inombolo yeselula noma yocingo yabazali, noma ababheki bengane, kuhlanganisa nekheli le-imeyili, uma likhona;

(*e*) amagama aphelele, ikheli lendawo yokuhlala, ikheli lasemsebenzini, inombolo yeselula noma yocingo yommangalelwa, okuhlanganisa nekheli le-imeyili, uma laziwa;

(*f*) isiphakamiso sokuthi ummeli womndeni, usonhlalakahle, isazi sokusebenza kwengqondo noma omunye umuntu oqeqeshiwe noma othintekayo;

(*g*) imininingwane yanoma yiluphi udaba olusalindile noma umyalelo wangaphambili wanoma iyiphi inkantolo, owesikhashana noma owokugcina, ophathelene nengane noma izinhlangothi ezithintekayo;

(*h*) uma kunesinqumo senkantolo esivele sikhona okufunwa ukuba sishintshwe noma simiswe okwesikhashana, izizathu okufunwa ngazo ukulungisa ukuze kushintshwe isinqumo esivele sikhona;

(*i*) nanoma yiziphi ezinye izici ezingasiza inkantolo ekucubunguleni isicelo ; futhi

(*j*) wonke amadokhumenti adingekayo asekelayo okuhlanganisa nemiyalelo yenkantolo uma leyo mibhalo ikhona.

(5) Zonke izicelo kufanele zihanjiswe kumzali, umbheki noma umnakekeli wengane ngokuhambisana nemihlinzeko yomthetho we-11 noma we-12, nanoma yikuphi okuzosebenza.

(6) *(a)* Umuntu okufunwa kuye umyalelo—

(i) angasiphikisa isicelo; futhi

(ii) zingakapheli izinsuku eziyi-10 ngemuva kokuthola isicelo, angathumela incwadi efungelwe ephendulayo echaza izizathu lapho isicelo siphikiswa.

(b) Noma yimuphi omunye umuntu othintekile ekutholeni usizo—

(i) angaphikisa noma asekele isicelo; futhi

(ii) zingakapheli izinsuku eziyi-10 ngemuva kokuthola isicelo, angathumela incwadi efungelwe ebeka izizathu lapho isicelo sisekelwa noma siphikiswa.

(7) Isicelo singalethwa ngemva kwamahora ajwayelekile asenkantolo noma ngosuku okungelona usuku olujwayelekile lwenkantolo ngokuhambisana nemihlinzeko yomthetho we-10.

(8) (*a*) Uhlangothi kufanele lunamathisele incwadi efungelwe yokuqinisekisa lapho kufanele khona.

(*b*) Iqembu linganamathisela incwadi efungelwe esekelayo yanoma yimuphi umuntu onolwazi ngodaba oluthintekayo.

(9) Isicelo kanye nezincwadi ezifungelwe kufanele zifakwe kumabhalane okufanele alethe ngokushesha isicelo kanye nezincwadi ezifungelwe enkantolo.

(10) Inkantolo kufanele ngokushesha ngangokunokwenzeka icubungule isicelo esifakwe kuyo, futhi, ngaleyo njongo—

(*a*) ingathola lobo bufakazi obengeziwe njengoba ibona kufanele, kuhlanganisa nobufakazi bomlomo, okumele bube yingxenye yerekhodi lokuqulwa kwecala; futhi

(*b*) icacise ukuthi ingane kufanele ize ekulalelweni, okuhlanganisa ukuthi mathupha noma ngesixhumanisi sokulalelwayo nokubukwayo, kucatshangelwa iminyaka yengane, impilo kanye nezimo zayo.

(11) Inkantolo ingenza noma yimuphi omunye umyalelo ohlinzekwe eMthethweni, kubandakanya—

(*a*) uphenyo ngokwesigaba 62 soMthetho; noma

(*b*) nanoma yimuphi omunye umyalo owubona ufanelekile ukuze kuvikelwe izintshisekelo ezinhle zengane.

(12) Umyalelo wenkantolo ungenziwa efomini elihambisana kakhulu neFomu B lesiThasiselo.

Izicelo zokuphoqelela amalungelo

9. (1) (*a*) (i) Lo mthetho usebenza noma nini lapho umuntu ehlose ukuphoqelela amalungelo okukhulunywe ngawo esigabeni 15 soMthetho.

(ii) Isicelo okukhulunywe ngaso endimeni (i) kufanele senziwe efomini elihambisana kakhulu neFomu A lesiThasiselo futhi kufanele sisekelwe nge-afidavithi.

(*b*) Incwadi efungelwe esekela isicelo kufanele, ngaphezu kokubeka yonke into esekela isicelo, ihlanganise—

(i) imininingwane yomuntu olungelo lakhe liphuliwe;

(ii) amalungelo okuthiwa ayephulwa noma asongelwayo;

(iii) indlela ingane encane ethinteke ngayo kanye nezinto ezithinta izidingo zengane encane;

(iv) amaqiniso umuntu athembele kuwo;

(v) usizo olufunwayo, okuhlanganisa nokumenyezelwa kwamalungelo; futhi

(vi) imininingwane yabantu abanentshisekelo okuzosebenza kubo isinqumo noma isimemezelo, noma esizosebenza ngokumelene nabo noma sibazuze.

(2) (*a*) Noma yiliphi iqembu elithintekayo esicelweni kumele licashunwe futhi linikezwe isaziso.

(*b*) (i) Noma yiluphi uhlangothi oluthintekayo olufisa ukuphikisana nesicelo kufanele lufake incwadi efungelwe yokuphendula okungenani ezinsukwini eziyi-10 ngemuva kokuthola isicelo.

(ii) Incwadi efungelwe ephendulayo kufanele iveze izizathu ezibangela ukuba isicelo siphikiswe.

(*c*) Umfakisicelo angafaka incwadi efungelwe yokuphendula zingakapheli izinsuku ezinhlanu ethole incwadi efungelwe ephendulayo.

(*d*) Ezindabeni zohlangothi olulodwa noma eziphuthumayo, imihlinzeko yomthetho we-10 izosebenza.

(3) Isicelo kufanele sifakwe kumabhalane okumele alethe ngokushesha isicelo enkantolo.

(4) Inkantolo ingayalela ukuthi isaziso sinikezwe nanoma yiluphi olunye uhlangothi oluthintekayo.

(5) Inkantolo kufanele inqume ukuthi—

(*a*) ingane kufanele ibe khona ekulalelweni kwecala kucatshangelwa iminyaka yengane, impilo kanye nezimo zayo siqu;

(*b*) ummeleli osemthethweni wengane kufanele aqokwe uma lokho kuyinzuzo yengane; futhi

(*c*) kudingeka umbiko mayelana nenzuzo yengane encane.

(6) Umabhalane kufanele, kungakedluli izinsuku eziyi-10 ngaphambi kosuku lokulalelwa kwecala, noma esinye isikhathi inkantolo enganquma ngaso, azise izinhlangothi ngalolo suku ngendlela ebekwe emithethweni yezobulungiswa.

(7) Inkantolo inganikeza lokho kukhululwa okungahle kubandakanye nokukhululwa kwesikhashana.

(8) Umyalelo wenkantolo ungenziwa efomini elihambisana kakhulu neFomu B leSithasiselo.

Izicelo zohlangothi olulodwa neziphuthumayo

10. (1) (*a*) Isicelo *sengxenye* ethile singenziwa—

(i) lapho kungekho saziso esidingekile ukuba sinikezwe noma yiliphi iqembu; futhi

(ii) kufanele sibe sefomini elihambisana kakhulu neFomu A leSithasiselo, elisekelwe yincwadi efungelwe.

(*b*) Incwadi efungelwe esekela isicelo *senye ingxenye* kufanele iveze zonke izici ezisekela isicelo.

(2) Isicelo esiphuthumayo singacutshungulwa uma inkantolo yanelisekile ukuthi—

(a) uma inkantolo yanelisekile ukuthi ingane ingase ilimale ngokushesha emzimbeni, engqondweni noma enhlalakahleni yaleyo ngane uma isicelo singasingathwanga ngaso leso sikhathi; noma

(b) izinga lokuphuthuma likhulu kangangokuthi kuyinzuzo yengane ukuphipha ukunikezwa kwesaziso sesicelo.

(3) Ezicelweni eziphuthumayo—

(a) inkantolo ingachitha ukunikezwa kwesaziso sesicelo kumuntu okufunwa kuye umyalelo uma ukunikezwa kwesaziso kuzoyiphula inhloso yesicelo;

(b) umyalelo owenziwe ngeqembu ngokuphuthumayo ungowesikhashana futhi kufanele ubize uhlangothi olubhekiswe kulo ukuthi luvele phambi kwenkantolo ngosuku olubekiwe lokubuya ukukhombisa isizathu sokuthi kungani umyalelo wesikhashana ungafanele ukwenziwa owokugcina; futhi

(c) ikhophi yomyalelo wesikhashana kanye nesicelo esiphuthumayo esenziwe kufanele sinikezwe ummangalelwa ngokuhambisana nemihlinzeko yomthetho we-11.

(4) (*a*) Noma yimuphi umuntu onikezwe umyalelo ophuthumayo noma umuntu othintwa ngumyalelo okhishiwe angalindela usuku lokulethwa kwesaziso engakapheli amahora angama-24 kwesaziso kumfakisicelo kanye nazo zonke ezinye izinhlangothi kanye nokusifaka kumabhalane.

(*b*) Uhlangothi olulindele usuku lokulethwa kufanele lufake incwadi efungelwe yokuphendula kanye nesaziso okukhulunywe ngaso endimeni *(a)*.

(5) (*a*) Lapho isizathu sikhonjisiwe ngokumelene nanoma yimuphi umyalelo owenziwe ngokuphuthumayo ohlangothini noma kumuntu othintwa yilo myalelo, inkantolo ingayala umfakisicelo noma ummangalelwa noma ophikisayo kunoma iyiphi incwadi efungelwe ukuba avele futhi afakaze ngomlomo, mathupha noma ngesixhumanisi esilalelwayo nokubukwayo.

(*b*) Inkantolo ingenza noma yimuphi umyalelo ewubona ufanelekile.

(6) Umyalelo wesikhashana ungaqinisekiswa, ukhishwe noma ushintshwe yinkantolo ngesizathu esihle esikhonjiswe yinoma yiluphi uhlangothi noma omunye umuntu othintekayo ngalokho, futhi nangaleyo mibandela inkantolo engabona kufanele.

(7) Umyalelo wenkantolo ungenziwa efomini elihambisana kakhulu neFomu B leSithasiselo.

(8) Uma udaba lungakaqedwa ekugcineni, isiphathimandla esiphethe kufanele siqondise ukuqhubeka kokuziphatha kodaba njengoba kuhlinzekwe kumthetho we-15.

Ukuhanjiswa kwezicelo, izincwadi ezifungelwe, izaziso, imibhalo kanye nemiyalelo yenkantolo

11. (1) Zonke izicelo, izincwadi ezifungelwe, izaziso, imibhalo kanye nemiyalelo yenkantolo kumele kuhanjiswe ngenye yalezi zindlela ezilandelayo—

(*a*) mathupha kumuntu othintakayo, ngosherifu, noma umabhalane, noma umuntu ogunyazwe yinkantolo;

(*b*) nganoma iyiphi enye indlela egunyazwe yinkantolo, okuhlanganisa nekheli le-imeyili, nanoma iyiphi enye indlela yobuchwepheshe:

Kuncike ekutheni—

(i) uma isevisi yenziwa nge-imeyili umuntu othumela idokhumenti nge-imeyili kufanele afake umbiko wokulethwa kokuthi ingabe idokhumenti ithunyelwe ngempumelelo ekhelini le-imeyili lomunye umuntu; noma

(ii) uma kwenziwa nganoma iyiphi enye indlela ye-elekthronikhi, i-*screenshot* noma umbiko wokulethwa walokho kudluliswa kwe-elekthronikhi.

(2) Zonke izicelo ezilandelayo, izincwadi ezifungelwe, izaziso, imibhalo kanye nemiyalelo kungalethwa yiqembu mathupha, noma ngusherifu, umabhalane, umuntu ogunyazwe yinkantolo noma nganoma iyiphi indlela ye-elekthronikhi okuvunyelwene ngayo phakathi kwezinhlangothi noma ezigunyazwe yinkantolo.

(3) Lapho isevisi yenziwa nge-imeyili, amalungiselelo eSahluko III, Ingxenye 2 yoMthetho wezokuXhumana Nge-elekthronikhi nezoHwebo, 2002 (Umthetho 25 wezi-2002), iyasebenza.

(4) Inkantolo, uma kunesizathu sokungabaza ukuthi isicelo, incwadi efungelwe, isaziso, incwadi noma umyalelo okhishiwe ufinyelele olwazini lwangempela lomuntu ozonikezwa, futhi uma bungekho ubufakazi obugculisayo, iyalele ukuba kuthathwe ezinye izinyathelo ngokubona kufanele.

(5) Ngaphandle uma kugunyazwe ngenye indlela yinkantolo, isicelo, incwadi efungelwe, isaziso, incwadi noma umyalelo—

(*a*) ngeke inikezwe ngoMgqibelo, ngeSonto noma ngeholidi lomphakathi; futhi

(*b*) izolethwa eduze ngangokunokwenzeka phakathi kwamahora ka-7:00 no-19:00.

(6) (*a*) Asikho isicelo, incwadi efungelwe, isaziso, incwadi noma umyalelo ozohanjiswa kwelinye izwe ngaphandle kwemvume yenkantolo.

(*b*) Noma yimuphi umuntu ofisa ukuthola imvume yokusebenza kwelinye izwe angafaka isicelo saleyo mvume enkantolo, efomini elihambisana kakhulu neFomu A leSithasiselo, futhi eliyosekelwa incwadi efungelwe.

(*c*) Inkantolo kufanele igunyaze indlela yokusebenza ezweni langaphandle futhi yeneliseke ukuthi leyo ndlela yokusebenza izoqinisekisa ukuthi isicelo, incwadi efungelwe, isaziso, incwadi noma umyalelo uzofika olwazini lomuntu ozonikezwa.

Umsebenzi oshintshiwe kwasuswa omunye

12. Uma ukulethwa kwanoma yisiphi isicelo, incwadi efungelwe, isaziso, incwadi noma umyalelo kungeke kwenzeke nganoma iyiphi indlela ebekwe kumthetho we-11, inkantolo ingagunyaza ukusebenza nganoma iyiphi enye indlela, uma inelisekile ukuthi leyo ndlela yokwenziwa komsebenzi izoqinisekisa ukuthi isicelo, incwadi efungelwe, isaziso, incwadi noma umyalelo uzofika olwazini lomuntu ozonikezwa.

Ubufakazi obulalelwayo nobubukwayo

